

Job creation • Education • Health • Quality basic services • Human settlements & local government • Ethical and developmental state • A better Africa and world

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)


English/isiZulu

Lwezi 2019 Ushicilelo 2



What to expect when reporting a GBV-related crime

Page 4



Finding a purpose through art

Page 16

JOBS INSIDE:

Sukuma Ndoda!



Ending abuse starts with you.

Men working together to end abuse #16Days



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

CONTACT US

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets Hatfield, Pretoria, 00083

FREE COPY NOT FOR SALE

More funds pumped into fighting abuse



More Matshediso

President Cyril Ramaphosa recently updated Parliament and the nation on efforts to end Gender-Based Violence and Femicide (GBVF).

A few months ago, the President asked Parliament to approve the Emergency Action Plan to combat GBVF. He has

since announced that government will commit R1.1 billion towards the implementation of the plan.

"National Treasury has written to key departments and entities, asking them to urgently identify funds that can be reprioritised. Departments must be commended for readily and swiftly responding to this call. We are now in a position to

allocate more than R1.6 billion from the 2019/20 financial year baseline spending allocation," the President said.

"We know that GBV often has its roots in social, cultural and other norms that perpetuate patriarchy and chauvinism. We also know we have to focus on prevention as the first point of intervention," he said.

The President said the Depart-

ment of Social Development will, in collaboration with other departments, drive the roll-out of programmes that will engage with men's formations, traditional leaders, student organisations, youth groups, offenders inside prisons, officials working in the criminal justice system and communities at large.

He also announced that 200 social workers will be appointed to provide targeted services to survivors at various social services centres, including the national network of Thuthuzela Care Centres.

The President said work is being done to enhance our current legal and policy framework to make it more responsive to the needs of GBV survivors.

"This includes bail and sentencing reform to ensure that perpetrators face justice and that the law acts as an effective deterrent," said the President.

Meanwhile, Cabinet has welcomed the recent 20 life sentences and 758 years' imprisonment sanctions handed down to serial rapist Bongani Lucky Masuku, as well as the life sentence handed to convicted rapist Nicholas Ninow.

"This sends a strong message to perpetrators that our criminal justice system will not tolerate crimes against women and children," said Minister in the Presidency Jackson Mthembu said. **V**

The GBV Command Centre can be reached at 0800 428 428. Alternatively, send a please-call-me to *120*7867# or log onto the website www.gbv.org.za.

Ukusizwa ngokuphathelene nezomthetho kwezisulu ze-GBV



More Matshediso

Izisulu Zodlame Olubhekiswe Kwabobulili Obuthile (i-GBV) ezingakwazi ukuzikhokhe-la abazozimela ngokuphathelene nezomthetho zingathola usizo e-Legal Aid South Africa.

Lokhu kushiwo Ummeli Oyinhloko (*i-Principal Legal Practitioner*) we-Legal Aid South Africa, uMakgate Nkgapele.

I-Legal Aid South Africa iyinhlangano ezimele ephokophele ukuhlinzeka usizo lwezomthetho kulabo abangawazi ukukhokhela abammeli babo.

"Sithokala kuzwelone ngamahovisi endawo angama-64 kanye namahovisi asezindaweni okungelula ukufinyelela kuzo angama-64, lapho sinabamelibethu khona kanye nabamelibasemajajini abazosiza amalungu omphakathi ngamacala aphanthelene

nobugebengu kanye namacala okwephulwa komthetho jikelele," kusho uNkgapele.

Ukwengeza kulosko, uNkgapele uthe isikhungo esizimele sesisungule izikhungo zezenbulungiswa ezingama-32 ezhlinzeka usizo oluphathelene nezomthetho kuzwelone. Bajwayele ukuba seduze nezinkantolo futhi isikhungo ngasinye sihlinzeka ngezinsiza ezinkantolo eziyi-10 ukuya kwezingama-20.

Inani eliphelele labantu abangama-724 000 abasizwa inhlangano ngo-2018/19.

UNkgapele uthe i-Legal Aid SA isebebenza uhlelo lokwazi njengethulizi lokuhlonza okumele bathole izinsiza zayo.

"Phakathi kwazo, uhlelo lokwazi lubheka iholo lofake isicelo kanye nempahla engayabo," kuchaza yena.

"Uma uhola u-R7 400 kanye nangaphansi kwalokho ngenyanga ngemva kokudonswa

kwentela, uzokwazi ukuthola ukusizwa ngokwezezimali. Kodwa-ke, uma uthola imali engaphezu kwale yokuhlo-lwa kokwazi ngenani elithile lemali, elingaphansi kuka-R1 300, usengakwazi ukufanela ukuthola i-legal aid, okuncike esinquumweni sehhovisi eliyinhloko," kwengeza yena.

Uthe abantu abathola isi-bonelelo sikahulumeni noma impesheni bafanele ukuthola ukusizwa futhi asikho isidingo sokuthi kucutshungulwe ukuthi bafanelekile na ukuhlinzkelwa. Nokho, kumele bakwazi ukuhlinzeka ngemibhalo esemthethweni ekhomba ukuthi bathola isi-bonelelo.

UNkgapele uthe emacaleni obugebengu, izingane zi-fanele ukuthola usizo futhi asikho isidingo sokuthi kucutshungulwe ukuthi zifanelekile na ukuhlinzkelwa. Uma kuyicala loku-

phulwa komthetho jikelele, kuzodingeka ukuba kucutshungulwe ukuthi umndeni wengane ufanele-kile na ukuhlinzkelwa futhi kumele isicelo sawo siphume-lele ukuze ihlinzkelwe. **V**

Ungayithinta kanjani i-Legal Aid?

Vele uye kunoma yimaphi amahovisi ayo kuzo zonke izifunda eziyishayagalolunye.

Shayela ucingo inombolo yocingo olungakhokhelwa ku-: 0800 110 110 (ngomsombuluko ukuya kuLwesihlanu ngo-7 ekuseni – kuya ku-7 ntambama).

Thumela u-Please Call Me ku-: 079 835 7179.

Babhalele ukuze uqonde ngokuthile kusizindalwazi sabo ku-Legal-aid.co.za

Yini okumele uyilindele uma ubika icala elihambisana ne-GBV



Ukubika ukudlwengula lingabikwa ku-SAPS ngenombolo yezimo eziphuthumayo ese-benza amahora angama-24 yesikhungo sokubika amacala ethi 10111, noma ngokuvakashela isiteshi samaphoyisa esiseduze nawe.

I-Vuk'uzenzele seyihlanganise isiqondiso sesinyathelo ngesinyathelo sokunika abasindile isithombe sokuthi yini okumele bayilindele uma bevakashele isiteshi sama-phoyisa ukuyobika icala elihambisana Nodlame Olusekelwe Ngokobulili (i-GBV) kungabukeka kuyinto eqeda amandla futhi esabisayo.

Amaphoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS) athe azinikele ekuqinisekiseni ukuthi ukuba yisisulu ihlandla lesibili akwenzeki uma osinde ekudlwengulweni efika esiteshini samaphoyisa ezobika udaba lwakhe.

Icalalokudlwengula lingabikwa ku-SAPS ngenombolo yezimo eziphuthumayo ese-benza amahora angama-24 yesikhungo sokubika amacala ethi 10111, noma ngokuvakashela isiteshi samaphoyisa esiseduze nawe.

Isisulu sivumeleke ukuba nomuntu esimkhethile ozoba naso ngesikhathi sokubuza imibuzzo mayelana nese-hlakalo futhi kumele silindele ukubuzwa imibuzzo endaweni esiyijwayele noma ezosenza siqine isibindi.

Uma amaphoyisa esethole ulwazi olwanele kumele kuvulwe idokodo, libhaliswe kuHlelo Lwekhompyutha Lokubhaliswa Kwamacala i-Crime Administration System futhi kumele kubhalwe afidavithi okumele kucaciswe

okulandelayo kuyo:

- Isikhathi, usuku kanye nendawo okwenzekе kuyo icala.
- Uhlobu lweCALA kanye nedlela elenziwe ngayo.
- Umuntu wokuqala osinde ekuhlukunyezwani amtshe-lile mayelana nalokhu kuhlaselwa.
- Nanoma yimiphi iminini-gwane ephathelene no(abe) wenze icala noma okunge-nzeka abe ufakazi ongasiza ukuthi kubanjwe abasolwa.

Kungenzeka kudingeke ukuxilongwa kwezempiro ukuze kutholakale ukuthi kungaba khona yini nanoma yibuphi ubufakazi obungasiza enkan-tolo. Ngakho-ke kubalule-kile ukuthi isisulu sixilongwe, kungapholiswa maseko – noma ngabe sihlaselwe emahorenangama-72 adlule, noma ngabe isisulu sesigezile.

Ukuxilongwa kwezempiro okuzokwenziwa kuzokhokhelwa uhulumeni futhi kuzokwenziwa ovezempi-lo oqeqeshiwe. Akukho muntu wesilisa ozoba khona ngesikhathi kuxilongwa isisulu esingowesifazane, akukho muntu wesifazane ozoba khona ngesikhathi kuxilongwa isisulu sesilisa. Futhi nomuntu onobulili obu-

fanayo uzoba khona kuphela ngesikhathi sokuxilonga uma isisulu sikuvuma lokho.

Ukunakekelwa ngemuva kokuhluKunyezwA.

Isisulu sokuhluKunyezwA ngokocansi sehlelwе yinto embi kakhulu futhi maningi amathuba okuthi sizodinga uhlobu oluthile lokweluleka.

Uma isisulu siyingane kumele kuthintwe, ilungu eliqeqeshiwe lomnyango Wodlame Lwasemndenini, Ukuvikelwa Kwezingane kanye Namacala Aphathelene Nocansi (i-FCS) noma ungoti ngokuphathelene nalokhu. Kungenzeka kunqunywe ukuthi kungayisiza kakhulu ingane ukuthi isuswe iyiswe endaweni yokuphepha.

Kuyisibophezelo somphenyi wecala ukwenza lokhu

• Ukuhlinzeka isisulu ngemini-ningwane yezempiro kanye neyzinsiza zokwelleka ezitholakala endaweni futhi asisize ngendlela angakwazi ukuthi enze ngayo ukuze sikhazi ukufinyelela kuzo, bese eqinisekisa ukuthi kuthathwe izinyathelo ukuze kuvikelwe izingane kanye nezisulu ezsengozini.

• Iphoyisa eliphenya icala lizogcina isisulu sazi nganoma yini eyenzekayo ecaleni futhi kumele lichazele isisulu uhlelo lwenkantolo ukuze lisilungiselele ukulalelwа kwecala enkantolo.

Ngosuku lweCALA noma ngaphambi kwalo, uma isisulu

sicela ukuthi kwenzeke lo-kho, iphoyisa eliphenya icala lizonikeza isisulu amakhophi esitati-mende saso ukuze sisifunde bese sizikhumbuza okwenzeka. **V**

NGABE BEWAZI?

- Igama lesisulu esidlwenguliwe akumele likhishwe abacosheli bezindaba.
- Nanoma ubani owazi ngokuhluKunyezwA ngokocansi kwengane noma umuntu okhubazeke ngokomqondo unesibophezelo ngokomthetho sokubika iseblakalo emaphoyiseni.
- Uma ubi yisisulu secala eliphathele nocansi, unga-gezi, ungashintshi izingubo zangaphansi noma u-yakaze umlomo wakho kuze kubu uxilongwe ngokwezempiro.
- Akukho sisulu okumele sijikiswe ngoba icala lenzeka kudala noma lenzeka endaweni okukhona kuyo esinje isiteshi samphoyisa.

* Lolu Iwazi luhlinzeka we Amaphoyisa aseNingizimu Afrika

Izinombolo eziwusizo kwabasinde kwi-GBV

ININGIZIMU AFRIKA INEZINHLANGANO EZINI-NGI ABASINDE KUDLAME OLUSEKELWE NGOKOBULILI ABANGAYA KUZO UKUZE BALULEKWE NGEMVA KOKUHLUKUNYEZWA.

I-Vuk'uzenzele ihlanganise uhu lwezindawo isisulu ezisindle ezingaya kuzo ukuze zithole usizo.

I-People Opposed to Women Abuse (i-POWA)

I-POWA ihlinzeka ngokweluleka, kokubili okwasocingweni kanye nokokubonana siqu, kanye nokusizwa ngokuphathelene nezomthetho kubantu besifazane abahlukunyeziwe.

Isizindalwazi: <https://www.powa.co.za/>

POWA/

Inombolo yocingo: 011 642 4346

I-Childline South Africa

Le yinhlangano engenzi nzuko yaseNingizimu Afrika esiza izingane ezihlukunyeziwe kanye neminden yazo. Ibhekelela izindaba eziphathelene nokuhluKunyezwA emzimbeni kanye nangokocansi, ukusethenziwa kwezidakamizwa, izinkinga eziphathelene nokuziphatha kanye nokushumbiswa, futhi inikeza ukweluleka kwezomthetho.

Isizindalwazi: <http://www.childlinesa.org.za/>

Inombolo yocingo Iwamahhala losizo: 0800 055 555

I-Child Welfare South Africa

I-Child Welfare South Africa igxile ekuvikeleni ingane, ukunakekela ingane kanye nokuthuthukisa umndeni. Ukunganakwa kanye nokuhluKunyezwA kwezingane kungabikwa kubo futhi.

Isizindalwazi: <http://childwelfare.org.za/>

Inombolo yocingo: 074 080 8315

I-Family and Marriage Association of SA (FAMSA)

I-FAMSA ihlinzeka ngokweluleka kanye nokufundisa ukuze kusizwe ukwenza ngcono imishado kanye neminden. Ihlinzeka ngosizo emacaleni aphathelene nodlame olwenzenka ekhaya kanye nokwehlelwа okubuhlungu, ukuhluKanisa ifindo lomshado kanye nokuhluKunyezwA phakathi kwezinhlangothi ezahlukene. I-FAMSA inamahhovisi ezweni lonke.

Isizindalwazi:

<http://famsa.org.za/>

Inombolo yocingo: 011 975 7106/7

I-Tears Foundation

Yasungulwa ngowezi-2012, le yinhlangano engenzi nzuko ehlinzeka ngesizindalwazi sezinsiza zezempiro, zezmthetho kanye nezokuphathelene nezomqondo

ezitholakala eNingizimu Afrika ukuzekusizwe abadlwenguliwe kanye nabasindile abahlukunyezwA ngokocansi.

Isizindalwazi: <https://www.tears.co.za/gbv-domestic-abuse/>

Inombolo yocingo: 010 590 5920

I-GBV Command Centre

UMnyango Wokuthuthukisa Komphakathi wavula i-Gender-Based Violence (i-GBV) Command Centre ngoLwezi (Novemba) 2013. Isebenza amahora angama-24 ngosuku futhi isebeenza unyaka wonke

ukuze kusizwe izisulu zodlamе olusekelwe kubulili.

I-GBV Command Centre ingathintwa ngezindlela ezini-ningi ezahlukene, ezihlanganisa inombolo yayo yocingo yezimo eziphuthumayo ku-0800 428 428, noma ngokuthumela u-Please Call Me ku: *120*7867#

Ungakwazi futhi ukubathinta nge-skype lapho unga-faka khona u-Help Me GBV kuhlu lobathinta nge-skype bese uthumela umlayezo. Lesi sithangami siyasetshenziselwa futhi ukusiza izisulu ezingabantu abayizithulu abasebenzisa Ulimi Lwezandla LaseNingizimu Afrika ukuze bakhulume. **V**

Okune ongakukhetha ukuthumela i-SMS ethi-Help ku-31531, noma uvakashele ku-www.gbv.org.za